basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

EXEMPLAR (FOLKLORE) 2015

AMAMAKI: 50

Leli phepha linamakhasi ayi-8.

IMIYALELO

1. *Bheka kuSekhula engunombolo S15 yonyaka wezi-2014:* IZIHLOKO ZEZINGANEKWANE NEZINKONDLO ZOMDABU EZISHICILELWE UKUFUNDWA EBANGENI LE-12 KUZO ZONKE IZILIMI ZOMDABU ZASEKHAYA EZIKOLENI ZOMPHAKATHI KUSUKELA NGOWEZI-2015 KUYAPHAMBILI.

2. Leli phepha lemibuzo liyisibonelo sobuciko bomlomo kuphela obuyingxenye yeSiqephu B sephepha lesibili lolimi lwasekhaya eliqukethe imibhalo yobuciko ephepheni lemibuzo yokuhlolwa kokuphela konyaka.

3. Ephepheni lemibuzo yokuhlolwa kwe-NSC ekupheleni konyaka, kuyokuba nokukhetha phakathi kokuphendula INOVELI noma UBUCIKO BOMLOMO eSiqeshini B esinamamaki angama-25 sekukonke.

4. Kuleli Phepha Lemibuzo Eliyisibonelo:

   - Phendula umbuzo OWODWA ophathelene noBuciko Bomlomo.
   - Abahlolwayo bangakhetha ukuphendula umbuzo oyi-eseyi noma imibuzo emifushane enamamaki angama-25 sekukonke.
   - Kuyancomeka ukuba uchithe isikhathi esingama-55 kulesi siqephu.

ISIQEPHU B: IBONELO SEMIBUZO YOBUCIKO BOMLOMO

UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba

UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Omunye wemisebenzi yobuciko bomlomo ukufundisa umphakathi. Phawula ngomyalezo oqukethwe yilezi zibonelo zezinhlobo zobuciko bomlomo ezingezansi. Ubude bempendulo yakho abube inani lamagama asukela kwangama-340 kuya kwangama-390. Impendulo mayihleleke ngale ndlela:

- Makuchazwe ukuthi uyini umyalezo.
- Chaza kafushane ngomyalezo oqukethwe uhlobo ngalunye lobuciko bomlomo olubalwengezansi.
- Uvo lomfundi
- Impendulo mayihlelwe njenge-eseyi.

INGANEKWANE: Izilwane Zilanda Imisila

'Konje ngiphathisiwe!' Yagxuma inkawu izishaya ikhanda iphindela lapho okugcinwe khona imisila. Kwase kusele imisila emifishane kakhulu-ke manje. Yadideka inkawu, ingazi ukuthi kufanele yenzenjani. Ekugcineni yafikelwa umqondo wokuthatha imisila eminingi yize imifishane. Imbila yayizohlukaniselana nonkosikazi wayo. Yavalelisa inkawu isiphuthuma ukuyonika imbila umsila wayo. Yayihamba kabuhlungu endleleni ngoba imisila iphunyuka iwela phansi. Kwase kumele yehle-ke emthini iyicoshe. Ayiyinye ingozi ekhona ngale misila, kunzima nokubambelela kahle ezihlahleni uma ifumbethe le misila.

Laqhamuka ngokushesha iqhinga lokuyibophela emsileni wayo. Yama ngaleso sikhathi, yaxhuma imisila ngokuyibophela emsileni wayo. Yagcina seyinomsila ohuduleka phansi inkawu. Yajabula kakhulu ngoba kade inesifiso sokuba nomsila omude.Yadlula eweni seyilindile imbila kanye nenkosikazi. 'Uhambe kanjani emhlanganweni?' Imbila yabuza izungeza inkawu ifuna ukubona ukuthi umsila uyifanela kanjani. Umsila wenkawu wawumude uyifanela kabi, uze ukhothe phansi ngesihloko.

'Ngicishe ngafika imisila seyiphelile, ngenhlanhla ngikwazile ukuyithola,' yasho inkawu ihleka, ihlala phansi izama ukuqaqa amafindo. 'Hhawu! Hhawu! Yini le engiyibonayo?' kwababaza inkawu sengathi kukhulu okwenzekile.

'Imisila yethu ilahlekile?' Yabuza imbila isondela enkawini. Yasukuma inkawu yagibela emthini ngokushesha. 'Imisila yenu ngiyihlabe ifindo ngayihlanganisa nowami,' yasho ibamba iyeka inkawu. 'Alikho iphutha lapho, qaqa ifindo ubuyise eyethu phela imisila, wena-ke usuyosala nowakho,' yaphendula imbila ngokukhulu ukunganaki. 'Ngeke ngisakwazi ukuyihlukanisa ngoba seyixhumene yahlangana nowami,' inkawu yayikhuluma ibuka umsila wayo ingakukholwa ekubonayo. Yagxumela komunye umuthi ngokushesha.

'Ungasheshi ukuhamba ngoba sizozama ukwenza imizamo yokunquma umsila ukuze sithole eyethu,' yasho imbila izikhuthuza, ikhipha negotshwa ekhukhwini.
'Ngeke kulunge ukuthi nginqunywe umsila,' yahlaba kakhulu ngejubane inkawu inombela emithini egqagqene.
Yasala kanjalo imbila ingenawo umsila kanti nenkawu yawuthola kanjalo umsila omude.

KANYE

IZIBONGO: Izibongo ZeNkosi UDkt. Sibongile Zungu

1	Injini kagandaganda omanxakanxaka
2	Oth' ushayiswa umuhluzwa
3	Kwafana nokuthela amanz' edadeni;
4	Igiya eliya phambili liyangena
5	Eliy' emuva alingeni
6	Ugandaganda omagiy' aya phambili,
7	Ugandaganda ongayi emuva.
8	Isihlahl' esigabe ngezithel' ezimnandi
9	Inguduza edukuze efwini kwakhanya
10	Yakhomba indlela kwabona nemvukuzane.
11	Zachwensa izichwensi zokuchwensa
12	Badelel' abazazi bona,
13	Wagwiny' amathe, uDokotela,
14	Wakhwehlela kanye, zehla izihlathi.
15	UDokotel' odokotel' isizwe ngemfudumalo
16	Abanye bedokotela ngezinsungulo,
17	UDokotel' odokotel' isizwe ngentuthuko
18	Abanye bedokotela ngezibuko.
19	Isizwe sonke siwuzwil' umjovo
20	Usijove ngomjovo wothando,
21	Wasijova ngomjovo wentokozo,
22	Abangaphilanga yilab' asebeyoxakwa ngobisi.
23	Awukho umjovo wabangaphilanga ngekhanda.
24	Umfazi omabelemade
25	Umbele ugwansile:
26	Nonganeno komful' uyancela.
27	Nongaphesheya komful' uyanela.
28	Ungalifun' ukhala nal' emlonyeni,
29	Omuny' ulidikluza ngezibhakela,
30	Omuny' aliklwebhe ngezinzipho
31	Eth' ujezis' unina
32	Kant' uzilambisa yena.
33	Inkunzi kayihlehli
34	Engafani nopikiliyeza,
35	Ngob' oncinde kuy' akafi,
36	Isigqobhela esigcine ugwayi wesizwe,
37	Abantongela kuso babheme bakholwe,
38	Ngiyafis' ukwazi ngentelezi abakuchela ngayo,
39	Nezibib' abakubhemisa zona.

IHUBO: Uz' ungakhohlw

Uz' ungakhohlwa nom' usumdala Uz' ungakhohlwa nom' usukude Uz' ungakhohlwa nom' ususebenza Uz' ungakhohlwa nom' usuganile Uz' ungakhohlwa nom' usulele Uz' ungakhohlwa nom' usuwedwa Uz' ungakhohlwa ukhumbul' uMenzi.

ISAGA: Ihlonipha nalapho ingayikwendela khona

Incazelo: Intombazane ifanele ihloniphe wonke umuntu ngoba ayazi lapho iyophelela (iyokwendela) khona.

ISISHO: Ukusebenzela emuva njengenkukhu

Incazelo: Kushiwo kumuntu osebenza into engayi phambili nenganamphumela ekugcineni.

ISIPHICAPHICWANO: Esiphathelele nemigcagco

Ngikuphica ngento yami engikhipha ekhaya kumnandi, ingise lapho ngingazi khona.
Impendulo: Umshado **[25]**

NOMA

UMBUZO 2: IMIBUZO EMIFUSHANE

IZINGANEKWANE

Funda lezi ziqeshana zezinganekwane ezimbili bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi:

ISIQESHANA A: *UJongile* – Inkosazana Yenkosi

Esikhathini esingengakanani sedlula isiphepho. Amantombazane ahlalise uJongile ethuka kwaphela nasozwaneni uma ebona inyoka engaphezulu kwenhlwathi. Isidumbu sayo sasilingana nensika. Amantombazane aphuma elandelana, ashiya inyoka iyaluzisa ulimi inyakaza kancane Kuthe sekuphuma uJongile, inyoka yeluleka yazithandela emqaleni wakhe. Yezwakala inyoka ithi, 'Ngizogcina isethembiso! Ngizogcina isethembiso! Ngizogcina isethembiso!' Waphuma uJongile ehayiza ebaleka. Wabaleka uJongile ekhuphuka izintaba abuye ehlise amathafa, inyoka inaye shaqa futhi iphindaphinda amazwi ayo okugcina isethembiso. Ikhanda layo lalicamele ekhanda likaJongile. Kwezwakala ngomhayizo uqhuma phezulu ekhabonina. Omalume bakaJongile bezwa ukuthi nguye kanye lo ohayizayo, bawa phezu kwezikhali balinda. Waqhamuka uJongile nenqwaba yenyoka izithandele emqaleni, ikhanda layo selicamele esihlathini, amehlo enyoka eyizimbokodo ngaphandle nolimi luyaluza. Wagulukudela elawini lomzala wakhe uJongile, inyoka yaqaqeka yagibela ophahleni. Ayibange isabonakala ukuthi ishone kuphi. Bayibheka baze bakhathala oJongile kanye nomzala wakhe.

Umalume kaJongile watheleka elawini ngokukhulu ukushesha, wathatha umuthi osamafutha wagcoba uJongile umzimba wonke ukusuka ekhanda kuze kuyoshaya ezinyaweni. Washiya uJongile yedwa elawini. Waqwasha uJongile ngenxa yokwethuka kakhulu. Esacabanga uJongile, wabona inyoka yehla ngensika. Yehla kancane iyaluzisa ulimi. Welula ingalo uJongile ukuze ikwazi ukukhuphukela entanyeni. Yathi iyabambelela inyoka yashibilika yawa phansi ngenxa …

2.1 Yini lena eyethusa kakhulu amantombazane ayehlalise uJongile ngokwalesi siqeshana senganekwane? (1)

2.2 Nikeza isiphicaphicwano esinendikimba ehambelana nokuqukethwe yilesi sethembiso inyoka ekhulunywa ngaso kule nganekwane. (2)

2.3 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwala mazwi adwetshelwe esiqeshini senganekwane ngenhla kube namthelela muni ekuqondeni kwakho isimo eyayikuso inyoka? (2)

2.4 Yisiphi isaga esiphathelene nomndeni esisebenzise igama 'izilo' esichaza kangcono ubudlelwane phakathi kukaJongile noJongilanga kule nganekwane? (1)

2.5 Ngokubona kwakho izenzo nemicabango kaJongilanga ngodadewabo uJongile kumethula njengomlingiswa onjani? Bala amaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA B: Inkinga Yeselesele

Yathi uma ilibuka isele yalibona lizithobile. Ingwenya yanikina ikhanda idumele, yagwija, yanyamalala emanzini.

Isele lawaqamba amanga kwaze kwaphela izinyanga eziyisithupha. Ngenyanga yesikhombisa kwenzeka ukuthi indlovu idibane nengwenya ngenkathi iyophuza amanzi esizibeni.

'Sibonene nduna yasemanzini,' kubingelela indlovu.

'Sibonene nduna yasehlathini,' kuphendula ingwenya.

Zombili lezi zilwane zaqala ukuxoxa ngezobuduna bazo, zikhombisa ukubujabulela ubuduna bazo lobo. Kwathi zisadla ingevu, qhamukiyane isele lingazelele lutho. Isele lansondo lazithela phezu kwazo zombili izinduna lezo.

'Hheyi wena, wagxumagxuma ehlathini lenkosi, ngabe usuyikhokhile intela yenkosi uBhubesi?' kubuza indlovu.

Isele lethuka lapho libona indlovu nengwenya lacabanga ukuthi kungcono libaleke. Indlela eyayilula kulona kwakungukubalekela emanzini. Kwathi lapho lisangene ngezinyawo emanzini, ingwenya yabuza wona lowo mbuzo wezimanga, 'Hheyi wena, wagxumela emanzini enkosi ngabe usuke wayikhokha intela yenkosi uNkanyamba?'

Zayima emthumeni eseleni. Yayingekho indlela yokuqamba amanga. Lanele labona ukuthi izinto zimbi, laqalaza ngapha nangaphaya. Ngenhlanmhla labona umgodi bude buduze nosebe. Lagxuma lathi ntwi! Lazishutheka emgodini owawusosebeni lechibi lelo. Laqhuba isikhashana lapho. Kwathi lapho selibona ukuthi liphephile, laqala ukucula lijabule, 'Klwe, klwe, klwe! Angikho ehlathini la! Klwe, klwe, klwe! Angikho emanzini la! Klwe, klwe, klwe! Ubani onesibindi sokufuna…..

2.6 Chaza kafushane okwenzeka ngesikhathi isele lizithela phezu kwendlovu ixoxa nengwenya ngokwalesi siqeshana. (2)

2.7 Yisiphi isisho esiphathelene nokusenga esichaza ukuthi iselesele lalikhuluma amanga uma lithi seliyikhokhile intela yeBhubesi neNkanyamba? (1)

2.8 Qhathanisa uhlobo lwabalingiswa abatholakala kulezi zinganekwane ezimbili ezingenhla. (2)

2.9 Phawula ngokuphumelela komlandi ukugqamisa isifundo esitholakala kule nganekwane. (2)

KANYE

IZINKONDLO ZOMDABU

Funda la mabinza acashunwe ezibongweni, emahubeni nasezithakazelweni bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi:

KANYE

ISIQESHANA A: Izibongo: Indebe Yomhlaba Ka-2010

1	Ingqayizivele yethuba e-Afrika,
2	Isinamuva liyabukwa,
3	Ningizimu-Afrika obagcinele bonke
4	Nguwena obaqalela bonke.
5	Iqophe umlando
6	Asizange sakholwa Sepp Blatter
7	Sewumemeza uthi: 'Sawusafika!'
8	Saze sakholwa sesibona ukufezeka kwesithembiso.
9	OMnyama noMhlophe bendawonye
10	Befutha amavuvuzela
11	Bonke becula uShosholoza.

2.10 Tomula igama emgqeni woku-1 elichaza ukuthi kwakungokokuqala ukuba kubanjelwe imidlalo yomhlaba yebhola lezinyawo e-Afrika ngonyaka wezi-2010. (1)

2.11 Chaza kafushane ngomusho owodwa okugcizelelwa ukuxhumana okusekugcineni okutholakala emgqeni wesi-3 kuya kowesi-4. (2)

2.12 Yisiphi isisho esakhiwe ngegama 'umlotha' esichaza kangcono umqondo oqukethwe umugqa wesi-9 ngokomlando waseNingizimu-Afrika. (1)

KANYE

ISIQESHANA B: Amahubo: Senzeni

Igosa:	Senzeni na?
Abavumayo:	Senzeni na? Senzeni na?

2.13 Qhathanisa umoya oqukethwe ngamabinza acashunwe ezibongweni: Indebe Yomhlaba Ka-2010 kanye notholakala kuleli hubo elingenhla, elithi, Senzeni. (2)

2.14 Ithini indikimba yaleli hubo? (1)

KANYE

ISIQESHANA C: Izithakazelo: Ezakwa Dlamini

1 Inkonekaz' evele ngobus' emgedeni,
2 USamkheth' esinembav' emalangeni,
3 UMswazi kaSobhuza,
4 Mlangeni!
5 Nina bakabusa nelanga!
6 Nina bakaWawawa!
7 Lokothwayo!

2.15 Tomula umugqa owodwa ofakazela ukuthi izithakazelo zibandakanya umndeni wonke ngokwesakhiwo. (1)

2.16 Phawula ngokusetshenziswa kwezimpawu zokuloba kule ngxenye yezithakazelo zakwaDlamini ukugqamisa indlela ezethulwa ngayo. (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25